

Putting stories at the centre

The beginning of a new year is always a good time to make decisions about what you want to experience and achieve over the next 12 months. Have you thought about including stories and reading in your 2015 resolutions? How about putting stories and reading at the centre of your home this year? Here are some suggestions to get you started.

1 DECIDE ON YOUR READING AND STORY GOALS. Let each family member write down their own list of goals. Here are examples from some of the reading clubs in the Nalibali network:

- Read for an hour a day.
- Finish the *Diary of a Wimpy Kid* series.
- Read all the books by my favourite author.
- Read a book by five authors I have not tried before.
- Read 24 novels.
- Read to my younger sister every day.

Display everyone's goals and then tick them off as you achieve them!

2 HAVE "STORY SUPPERS"! Let a different family member tell a story during supper time once a week. This story could be one that they have read or heard, or a new one that they have made up! You could also create a story together by letting one family member tell the beginning of a story and then letting everyone else add a bit to the story until it is complete!

3 READ ALOUD EVERY DAY. Set aside 15 minutes every day to read aloud to your children. Many children enjoy being read to at bedtime, but some children may find it easier to concentrate at other times in the day, or if you break the time into two shorter sessions. It really doesn't matter when you read together each day – it's doing it regularly that counts!

4 EXPLORE YOUR LIBRARY. If you have a library near you, get into the habit of visiting it regularly with your children. Allow enough time for your children to look at lots of books, and for you to chat about them before they decide which ones to borrow.

Happy reading!

Ukwenza izindaba zibaluleke ekhaya

Ukuqala konyaka omusha kuhlale kuyisikhathi esihle sokuthatha izinqumo mayelana nalokho ofuna kwenzeke empilweni yakho kanye nalokho ofuna ukukuzuzwa ezinyangeni eziyi-12 ezizayo. Ngabe uke wacabanga ukufaka izindaba kanye nokufunda kulokho onquma ukukwenza ngowezi-2015? Kunganjani wenze izindaba kanye nokufunda kube yinto ebalulekile ekhaya lakho kulo nyaka? Nazi ezinye iziphakamiso ezingakusiza ukuthi uqale.

1 YENZA ISINQUMO NGALOKHO OFUNA UKUKUZUZA EKUFUNDENI KANYE NANGEZINDABA. Dedela ilungu lomndeni ngalinye ukuthi libhale uhlu lwalo lwelifisa ukukuzuzwa. Nazi izibonelo ezivela kumathimba okufunda angaphansi kohlelo lwakwaNalibali:

- Ngizofunda ihora ngosuku.
- Ngizoqedela uchungechunge lwezindaba ezithi *Diary of a Wimpy Kid*.
- Ngizofunda zonke izincwadi zombhali engimthandayo.
- Ngizofunda izincwadi zababhali abahlanu engingakaze ngizifunde izincwadi zabo phambilini.
- Ngizofunda amanoveli angama-24.
- Ngizofundela udadewethu omncane nsuku zonke.


Beka lokho okuhloswe ukuzuzwa yibo bonke abantu lapho kuzobonakala khona bese nifaka uqhushiso kukho uma sekuzuziwe!

2 YIBANI "NESIKHATHI SOKUXOKA IZINDABA NGESIDLO SAKUSIHLWA"! Vumela elinye ilungu lomndeni lixoxe indaba ngesikhathi sesidlo sakusihlwa kanye ngesonto. Le ndaba kungaba indaba eliyifundile noma eliyizwile, noma entsha elizenzela yona! Ningazenzela nendaba ndawonye ngokuvumela ilungu lomndeni elilodwa ukuthi liqale indaba bese wonke umuntu engeze okuncane endabeni ize iphele!

3 FUNDA KAKHULU NSUKU ZONKE. Zibekele imizuzu eyi-15 nsuku zonke ukuze ufundele kakhulu izingane zakho. Izingane eziningi ziyakuthanda ukufundelwa ngesikhathi sokulala kodwa ezinye izingane zingakuthola kulula ukuthi zikwazi ukulalela uma zifundelwa ngezinye izikhathi zosuku, noma uma uhlukanisa isikhathi sibe yizikhathi ezimbili ezimfishane. Empeleni akubalulekile ukuthi nifunda nini ndawonye usuku ngalunye – into ebalulekile ukuthi nifunde njalo!


4 BHEKA UKUTHI UNGENZANI EMTASHENI WAKHO WEZINCWADI. Uma ninomtapo wezincwadi eduze kwenu, zijwayezeni ukuwuvakashela njalo nezingane zakho. Vula isikhathi esanele sokuthi izingane zakho zibekele izincwadi eziningi nokuthi nixoxisane ngazo ngaphambi kokuba zinqume ukuthi yiziphi ezizoziboleka.

Nize nikuthokozele ukufunda!



Drive your imagination

Story Power.
Bring it home.
Walethe ekhaya amandla endaba.





Nal'ibali news

In October 2014, Nal'ibali launched a national billboard campaign called "Story Power. Bring it home." to raise awareness about the power stories have to help our children reach their potential.

The billboards were created to inspire moms, dads, grandparents, neighbours and other caregivers to share stories with the children in their lives. Why? Because children who read for pleasure, perform better in the classroom, and not just in vocabulary and spelling, but also in Maths. And, of course, stories are a great way to get babies and children interested in books and reading.

Nal'ibali held a special storytelling in Pimville, Soweto to help unveil the last of 500 billboards that are now to be seen across South Africa. Here are some photos of the event.



The last Story Power billboard being put up. Ukuphanyekwa kwebhilibhodi lokugcina leStory Power.



Children at the event enjoying a story told by Antoinette Sithole. Izingane ezisemgubhweni zithokozela indaba exoxwa ngu-Antoinette Sithole.

Izindaba zakwaNal'ibali

NgoMfumfu wezi-2014, uNal'ibali wethule umkhankaso kazwelonke wezikhangiso zamabhilibhodi (*billboards*) obizwa ngokuthi "Story Power. Walethe ekhaya amandla endaba," ukuze kwaziswe ngamandla izindaba ezinawo ekusizeni izingane zethu ukuthi zifinyelele lokho ezingaba yikho.

La mabhilibhodi enzelwe ukukhuthaza omama, obaba, ogogo nomkhulu, omakhelwane kanye nabanye abanakekela izingane ukuthi babelane ngezindaba nezingane abaphila nazo. Ngani na? Ngoba abantu abafundela ukuzithokozisa, benza kangcono eklasini, futhi hhayi kuphela emagameni abawaziyo kanye nasekupeleni, kodwa naseziBalweni. Yebo phela, izindaba ziyindlela enhle yokwenza abantwana kanye nezingane ukuthi zithande izincwadi kanye nokufunda.

UNal'ibali wayenosuku lwekhethele lokuxoxa izindaba ePimville, eSoweto ukuze kwethulwe amabhilibhodi okugcina angama-500 azobonakala eNingizimu Afrika yonke. Nazi ezinye zezithombe ezathathwa emcimbinini.



Children from the reading clubs at Motjoli, Winnie-Ngwekazi and Tshebedisano Primary Schools celebrating with special guests, Mandi "Poefficient" Vundla (a writer and spoken-word ambassador) and Antoinette Sithole (local role model, storyteller and sister of Hector Pieterse).

Izingane zakumathimba okufunda asezikoleni zamabanga aphantsi iMotjoli, iWinnie-Ngwekazi neTshebedisano zigubha nezivakashi ezikhethekile, uMandi "Poefficient" Vundla (umbhali kanye nenxusa lamazwi akhulunywayo) kanye no-Antoinette Sithole (oyisibonelo esihle endaweni, umxoxi wezindaba kanye nodadewabo kaHector Pieterse).

"Parents and grandparents: storytelling can bring your children closer to you."
Antoinette Sithole

"Bazali nogogo nomkhulu: ukuxoxa izindaba kungasondeza izingane kini."
Antoinette Sithole

To watch a video of the event and see interviews with Antoinette Sithole and Mandi Vundla, go to www.youtube.com/TheNalibaliChannel.

Ukuze ubukele ividiyo yomcimbi ubuye ubone ukuxoxisana kwethu no-Antoinette Sithole noMandi Vundla, iya ku-www.youtube.com/TheNalibaliChannel.



Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lakwaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.


Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Ugundane wayedinga indawo efudumele futhi eyomile.

Mouse needed somewhere warm and dry.



Ngalobo busuku uGundane wayephupha kubanda futhi kumanzi.

“Ngiyabonga,” kusho uGundane.

“Ungazolala nami,” kusho Inhlanzi.

That night, Mouse’s dreams were cold and wet.

“Thank you,” said Mouse.

“You can come and sleep with me,” said Fish.



Fold


We believe every child should own a hundred books by the age of five.

Become a book-sponsor and help change the world.

Get involved at bookdash.org



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Fold

A house for Mouse Indlu kaGundane

Michele Fry
Amy Uzzell
Jennifer Jacobs



Fold



“Ungazolala nami,” kusho uPholi.
“Ngyabonga,” kusho uGundane.
Ngalobo busuku uGundane wayephupha
kunomsindo kanye nezixakaxaka.

“You can come and sleep with me,” said Parrot.
“Thank you,” said Mouse.
That night, Mouse’s dreams were noisy and wild.



4

Fold



Mouse was looking for a house.

UGundane wayefuna indlu.



Fold

“You can come and sleep with me,” said Puppy.
 “Thank you,” said Mouse.
 That night, Mouse’s dreams were bouncy
 and muddy.
 “Ungazolala nami,” kusho uMdlwane.
 “Ngiyabonga,” kusho uGundane.
 Ngalobo busuku uGundane waphupha
 ukugxumagxuma kanye nokubhixeka odakeni.



That night, Mouse had warm and
 cosy dreams.

Good night, Mouse.

Ngalobo busuku, uGundane waphupha
 kufudumele futhi ethokomele.


Ulale kahle, Gundane.



Fold

Ugundane wathola ishalofu lezinchwadi
eliseduze nalapho.

Mouse found a bookshelf nearby.



Fold



This looks like a nice house.

Le ndlu ibukeka njengendlu ekahle.

Fold 6



Get story active!

Here are some suggestions of questions you could ask your children as you read *A house for Mouse*, and also some activities to do afterwards.

As you read ...

Pages 2 and 3: Can you see Mouse? Who do you think lives in that house?

Pages 4 and 5: Where do you think Mouse is now?

Page 6: Why do you think Mouse's dreams were bouncy and muddy?

Page 7: Why do you think Mouse's dreams were noisy and wild this time?


Page 8: Why do they think Mouse's dreams were cold and wet?

Pages 10 and 11: Can you see Mouse? What else can you see in this picture?

Pages 12 and 13: (Point to the books.) What do you think those are?

After reading ...

- Suggest that your children draw a picture of Puppy and Parrot from the story.
- Encourage them to use old boxes to create their own house for Mouse.
- Let your children cut out the picture of Mouse and stick it onto some cardboard. They can use this cut-out to retell the story or to tell their own stories about Mouse. (They could also use the house they made in their stories!)



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nazi ezinye zeziphakamiso zemibuzo ongayibuza izingane zakho ngesikhathi nifunda indaba ethi *Indlu kaGundane*, kanye neminye imisebenzi eningayenza kamuva

Ngesikhathi ufunda ...

Ikhasi lesi-2 nelesi-3: Ngabe uyabona uGundane? Ngabe ucabanga ukuthi ubani ohlala kuleyo ndlu?

Ikhasi lesi-4 nelesi-5: Ucabanga ukuthi ukuphi uGundane manje?

Ikhasi le-6: Kungani ucabanga ukuthi uGundane wayephupha kugxunywagxunywa futhi kudlalwa odakeni?

Ikhasi le-7: Kungani ucabanga ukuthi uGundane wayephupha kunomsindo nesixakaxaka ngalesi sikhathi?


Ikhasi le-8: Kungani ucabanga ukuthi uGundane wayephupha kubanda futhi kumanzi?

Ikhasi le-10 nele-11: Ngabe uyabona uGundane? Yini enye oyibona kulesi sithombe?

Ikhasi le-12 nele-13: (Khomba izincwadi.) Ucabanga ukuthi kuyini lokhu?

Ngemva kokufunda ...

- Phakamisa ukuthi izingane zakho zidwebe izithombe zikaMdlwane kanye noPholi abasendabeni.
- Zikhuthaze ukuthi zisebenzise amabhokisi amadala ukuze zizenzele umuzi wazo kaGundane.
- Vumela izingane ukuthi zisike zikhiphe isithombe sikaGundane bese zisinamathisela ekhalibhodini. Zingasebenzisa lokhu ezikusikile zakukhipha ukuxoxa indaba kabusha noma zixoxe indaba yazo ngoGundane. (Zingayisebenzisa nendlu eziyenzile ezindabeni zazo!)



The Children's Literacy Charter is a guide for adults to ensure our children get the best literacy experiences possible. Visit www.nalibali.org to read all 11 literacy rights!

Story Power.

Bring it home.

Walethe ekhaya amandla endaba.



It starts with a story...

Story corner

Here is a new story to read aloud or retell. It is about Sibú and the problem of his sneezing!

A little bit (Part 1) By Wendy Hartmann

When Sibú moved into iLanga Avenue, Mrs Magona told all the neighbours to bring a little bit of this and a little bit of that, to welcome him. So Sibú made good friends. They liked him and he liked them.

Unfortunately there was one thing that upset everyone. Sometimes Sibú sneezed. And his sneezes were the worst sneezes in the whole world. When he stood in the doorway of his little home and went ... sniff, sniff, sniff, ... aah, aah ..., everyone panicked.

One morning, Sibú opened his front door. Out ran a little black cat and out stepped Sibú. He lifted his head, opened his mouth and said, "Ah, aah ..."

"NO!" yelled Mrs Magona. "Don't let him sneeze. The last time that happened, it blew my washing into the vlei. Stop him right now!"

"NOOO!" screamed Mr Samson. "The last time Sibú sneezed he blew all my red roses flat. They were beautiful and just ready to sell. Stop him!"

"Ah, AAAH, AAAAH ..."
went Sibú.

"Noooooo!" shouted Jabú and Nozi. "The last sneeze blew our homework away. The teacher wouldn't believe us when we told her it was because of a sneeze."

"Quick! We'll try a little bit of this and a little bit of that to stop him sneezing," said Mrs Magona with a peg in her hand. She put the peg on Sibú's nose.

"Aa, aah ... That hurts! Please take it off," said Sibú.

Mr Samson brought Sibú a glass of water. "Hold your nose and drink this," he said.

Glug, glug. Sibú swallowed and started to cough.

"Quickly," said Jabú holding out a bowl of porridge. "Eat this."

"It will keep your mouth busy," said Nozi, "and wiggle your nose."

"Aaaaa ..." said Sibú pushing the bowl away.
"Ah, aah ..."

So everyone just stood and stared and waited.

The little black cat sitting on the wall watched and waited. She knew exactly what would happen. The washing would soar, the flowers would flatten, the homework would fly, and then three important things would happen. Her fur and whiskers would wave in the big wind. The sand would blow into the cracks of the wall ... and then ... best of all ... the mice would run out. And she was hungry.

Get your supplement next week and find out if anyone is able to come up with a plan to stop Sibú from sneezing.



Illustration by Shān Fischer
Umdwebó wenzíwe nguShān Fischer

Ikhona lezindaba

Nansi indaba entsha ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa kabusha. Imayelana noSibú kanye nenkinga yakhe yokuthimula!

Kancane nje (Ingxenye yoku-1) NguWendy Hartmann

Lapho uSibú ethuthela eLanga Avenue, uNkosikazi Magona watshela bonke omakhelwane ukuthi balethe okuncane nje kwalokhu nokuncane kwalokhuya, ukuze bamamukele. Ngakho uSibú wazitholela abangani abahle. Babemthanda kanti naye wayebathanda.

Ngeshwa kwakukhona into eyodwa eyayidina wonke umuntu. USibú wayeke athimule. Ukuthimula kwakhe kwakukubi kunakho konke emhlabeni jikelele. Lapho emi ngasemnyango wekhaya lakhe elincane bese ethi ... ithi, ithi, ithi, ... a-a-ah, aah ..., kwakwethuka wonke umuntu.

Ngolunye usuku ekuseni, uSibú wavula umnyango wakhe wangaphambili. Kwaphuma ikatshana elimnyama ligijima kwase kuphuma noSibú. Waphakamisa ikhanda lakhe, wavula umlomo wakhe wase ethi, "Ah, -a-a-ah ..."

"CHA!" kumemeza uNkosikazi Magona. "Ningamvumeli athimule. Ngokwedlule kokugcina kwenzeka lokhu, kwaphephula izingubo

zami ezenekiwe zayongena exhaphozini. Mvimbeni khona manje!"

"CHA-A-A!" kumemeza uMnumzane Samson. "Mzukwane uSibú egcina ukuthimula waphephula wonke amarozi ami abomvu aba yisicaba. Ayemahle futhi eselungele ukuyodayiswa. Mvimbeni!"

"Ah, A-A-AH, A-A-A-AH ..."
kusho uSibú.

"Cha-a-a-a-a-a!" kumemeza uJabú noNozi. "Mzukwane egcina ukuthimula waphephula umsebenzi wethu wesikole owenzelwa ekhaya. Uthisha akazange asikholwe uma sithi kungenxa yokuthimula."

"Sheshani! Sizozama okuncane kwalokhu kanye nokuncane

kwalokhuya ukuze simvimbe angathimuli," kusho uNkosikazi Magona ephethe iphekisi esandleni sakhe. Wavala ikhala likaSibú ngephekisi.

"A-a, a-a-ah ... Libuhlungu! Ngicela ulisuse," kusho uSibú.

UMnumzane Samson walethela uSibú ingilazi yamanzi. "Vala ikhala bese uphuza lokhu," kusho yena.

Gwinsi, gwinsi. uSibú egwinya, wase eqala ukukhwehlela.

"Sheshisa," kusho uJabú ephethe indishi yephalishi. "Yidla lokhu."

"Kuzogcina umlomo wakho kukhona okwenzayo," kusho uNozi, "bese unyakazisa ikhala lakho."

"A-a-a-a-a ..." kusho uSibú edudula indishi. "Ah, a-a-ah ..."

Ngakho wonke umuntu wama wase egqolozela elindile.

Ikatshana elimnyama elihleli odongeni labukela lalindela okuzokwenzeka. Lalazi kahle ukuthi kwakuzokwenzekani. Izingubo ezenekiwe zazizondiza, izimbali zizoba isicaba, kundize umsebenzi wesikole owenzelwa ekhaya, bese kwenzeka izinto ezintathu ezibalulekile. Uboya balo kanye nezindevu zalo zazizopheshulwa umoya omkhulu. Isihlabathi sasizophephukela emifantwini yodonga ... bese ... into enhle ukudlula zonke ... amagundane ayezophuma egijima. Kanti-ke lalilambile.

Thola isithasiselo sakho ngesonto elizayo bese uthola ukuthi ngabe ukhona yini umuntu okwaze ukuqhamuka neqhinga lokuyekisa uSibú ukuthimula.